# UKULINDELA

Asibe silokhu simile umzuzwana nje, uma nithanda, sisakhothamisa amakhanda ethu ngomkhuleko.

2 Nkulunkulu oPhakade noBusisiwe, siyaKubonga ngalokho amehlo ethu akubonile nezindlebe zethu ezikuzwile, futhi besingajoyinana nembongi eyabhala iculo kulokho. Futhi sijabula kakhulu ukwazi ukuthi inkolo yamaKristu ayisiyo nje incwadi yemithetho, kodwa yisehlakalo sophilayo, uNkulunkulu ohlala ekhona.

3 Sishiya lababantwana ezandleni zaKho, Nkosi, futhi sikhulekela ukuthi bazokhula emseni, namabandla abo abavela kuwo azobusiswa, futhi kwangathi kungabakhona imvuselelo ezweni.

4 Nalabo abame ngobuqhawe kakhulu futhi baKwemukela njengoMsindisi wabo siqu, sizocela ukuthi Uzopha, Nkosi, izibusiso zaKho ezicebile phezu kwabo.

5 Nakulabo abaKwemukele njengoMphulukisi wabo, kwangathi Ungababusisa futhi kwangathi ubufakazi babo, lapho udokotela ebanikeze ukukhululwa, kwangathi kungaba yisimangaliso. Futhi kwangathi kungabangela odokotela ukuba bakhulekele iziguli zabo nokuqonda ukuthi, Nkulunkulu, NguWe kuphela ongasiphulukisa.

6 Futhi sizoKucela ukuba uqhubeke nathi kulobubusuku ukuze umusa waKho ube phezu kwethu. Futhi siyaqonda ukuthi silwa nesitha esiqinile, nezimpi zethu azisizo ezenyama kodwa ngeziqinile, zehlisela phansi izizinda zesitha.

7 Futhi sisize ukuba sihlanganise izinhliziyo zethu ndawonye kulobubusuku, njengoba sibheka kuWe manje ukuba sihlanganyele naWe ngaseZwini laKho elilotshiwe. Bese kuthi-ke, Nkosi, kwangathi izoni zingathola indawo yazo e-altare likaNkulunkulu enhliziyweni yazo futhi ziphenduke, futhi zibe ngabantwana baKho, bese kuthi-ke, kwangathi abagulayo bangaphulukiswa, futhi kwangathi kungaba khona inkazimulo emzini ngenxa yokuvakasha kwaKho nathi. Siyakucela, eGameni leNdodana yaKho, uJesu. Amen.

8 Ningahlala phansi. Ngisho lokhu ngobuqotho obuvela enhliziyweni yami: Ngiyaxolisa kulobubusuku ukuthi ngi. . . lobu ubusuku bokuvala bomhlangano wethu omncane. Ngijwayelana nani nje, ukuzwa nje sengathi ni—niyingxenye yethu, eniyiyo ekuqaleni, kodwa manje-ke yileyondlela okubonakala kuyiyo lapho ngilapha emazweni endabuko, naphesheya, futhi, kungukuthi nje, “Sawubona? Ngiyajabula ukuhlangana nawe. INkosi ikubusise. Izophinde ibonane.”

9 Kodwa kunento eyodwa enkulu enginayo engqondweni njengoba ngihamba, ekuhlanganeni nalababantwana abamangalisayo bakaNkulunkulu, ukuthi ngelinye ilanga siyohlangana lapho singasophinde sehlukane. Akuyikubakho zigaba eZulwini zabanye babantwana bakaNkulunkulu ukuba bahlale endaweni *eyodwa*, nabanye *kwenye*, ngikholwa ukuthi abantwana baKhe bonke bazobuthana ndawonye; ngibheke ngabomvu lesosikhathi.

10 Asazi nje ukuthi kuyini, kodwa siyafundiswa emiBhalweni ukuthi iso alikubonanga, nendlebe ayikuzwanga, kanjalo akungenanga ezinhliziyweni zomuntu, lokho uNkulunkulu anakho ngabo, okubekelwe, abaMthandayo. Ngakho phezu kwakho konke kuwe, thanda iNkosi uJesu futhi uhloniphe uNkulunkulu uYise. Futhi ukholwe izinceku zaKhe, abefundisi, abelusi benu, futhi nifundise iZwi, futhi niqine kuyisikhathi futhi kungesikhathi, futhi nikhulekele uNkulunkulu ukuba asindise abalahlekile nokuphulukisa abagulayo.

11 Khumbulani, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akufiki nje lapho umvangeli efika, uNkulunkulu usemabandleni enu, Ukubantu benu, Ukuwe, Uzokuphulukisa lapho uMkholwa, awudingi ukulinda umvangeli othize ukuba eze. UNkulunkulu akadingi ukuba abe nomvangeli, nakuba Ebasebenzisa, kodwa lokho nje kungokokushukumisa, iziphiwo zingezokushukumisa, uMphulukisi uhlala ekhona: uNkulunkulu.

12 Kulobubusuku yinkonzo yokuvala, futhi ngingahle ngimemezele ukuthi umngani wami olungileyo lapha, uMfowethu Leo Mercier, ovela kwiKatolika, umCanada waseFrance, ikhaya lamaKatolika, yena noMnu. Goad... Angazi nje ukuthi yayiyini inkolo eyaziwayo kaMnu. Goad. Futhi ngenkathi umhlangano wawusedolobheni elithize, babelapho, futhi bazizwa sengathi lemibono, abazi noma yenzeka endlini yami yini, ngakho bazibumbela umsebenzeli omncane we-FBI futhi wehla ukuthola ukuthi kwakuyiqiniso noma qha. Nifanele nibuzwe ubufakazi. Sebephenduke abangani bami.

13 Lokhu lapha kuncane nje. Banami manje njengabafana bami bamateyipu abasemthethweni ezincwadini namateyipu. Amateyipu omhlangano, uma nineziqophi futhi nithakasela imilayezo uNkulunkulu asinike yona, banayo eteyipini. Futhi ngikholwa ukuthi bebengakudayisela iteyipu enomlayezo kuyo ishibhile kunoma ubungathenga iteyipu, ngokuba banendlela ekhethekile...

14 Ngithenge iteyipu kumvangeli othize maduze nje futhi ngakhokha amadola ayisishiyagalolunye ngayo; bathengisa awabo ngemali engengaphezu kwamadola amathathu nengxenye noma amathathu. Ini? [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Amadola amathathu, okukodwa

kokuthathu kwentengo. Angazi ukuthi bakwenza kanjani, kodwa bathi bayohamba nje kuphela ukuze bayise uMlayezo kubantu. Akusikho ukuthi abafana bafuna imali, kungokokuba bathole uMlayezo uhlakazeke kwenye indawo. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa."

15 Ngakho basesitendeni sezincwadi, nezincwadi, nesithombe. . .Isithombe ngempela asisiso esami. Si. . . Awuthengeli mina leso, ngoba lokho ngisho kushintsha ukuzwakalisa kwami, nakho konke. Omunye wathi, "Mfowethu Branham, lokho akubukeki ngisho njengawe." MaKusondele kangako kuwe, futhi ubone ukuthi kukwenza kukuphi ukuzwakalisa nomehluko. Impela.

16 Manje, uma niqaphela, lesi akusiso nje isithombe esifuna ukuba nje, sithi, ukwenza imali ngaso, sithenga lesisithombe ukusithengisa ngendlela efanayo esisithola ngayo, cishe amasenti amathathu noma amane esithombeni ngokobunikazi yilokho kuphela esikutholayo. Kuludaba lwelungelo lobunikazi futhi siseWashington, DC, njengesiDalwa esingaphezu kwemvelo kuphela esake safakazelwa ukuthi sithwetshulwe.

17 Manje, u, uGeorge J. Lacy, we-FBI, imilobo yeminwe nencwadi, waluhlola udaba. Futhi wathi kimi, "Mnu. Branham, ngizwile ngemihlangano yakho, futhi ngike ngaba kowodwa noma emibili, futhi ngathi kwakuyisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, ukuthi lokho kuKhanya kwakungekho lapho. Kodwa," wathi, "Mnu. Branham, leloso lomshini wekhamera ngeke lathatha isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, ukuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya." Wasayina incwadi futhi wayiphendulela kwaDouglas Studios, ilunga leNhlangano yabaThwebuli baseMelika eHouston, eTexas.

18 Manje, ngisho lokhu ngokuzithoba nangenhlonipho yokuzithoba kuYe Okhona, Lokho ngukuKhanya engikubonile, Lokho kwakungukuKhanya okwakuphezu kombhede wami wengane ngenkathi ngizalwa, Lokho ngukuKhanya ukuthi lapho kuvele iPhimbo futhi lakhuluma nami phansi empilweni yami elisho izinto ngamakhulu ezinto. Futhi hlola noma ubani omfisayo, kusukela e-Afrika, emhlabeni jikelele, edolobheni lakithi uqobo, odokotela, abameli, kumbe noma yini oyifisayo, futhi ubone ukuthi kwake kanye yini kwehluleka ukuba yikho impela nje Athi kwakuyikho. Yilokho okukhuluma lapha emsamo, hhayi umfowenu.

19 Manje, ngikholwa ngayo yonke inhliziyo yami. . .Bangaki owaziyo ukuthi kwakukhona iNsika yoMlilo eyalandela abantwana bakwa-Israyeli, eyabahola ehlane na? Futhi bangaki owaziyo ukuthi lowo kwakunguJesu Kristu, uKristu, iNgelosi yesiVumelwano, nina bafundisi na? Futhi ngenkathi Elapha emhlabeni, Waye, Lowo kwakunguNkulunkulu ofanayo.

20 Abekho oNkulunkulu abathathu, munye kuphela uNkulunkulu, izikhundla ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo. "UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele," akusho oNkulunkulu abathathu. Uma sinoNkulunkulu abathathu, singabahedeni. Niyabo? Njengoba iJuda lithi, "Yimuphi kubo onguNkulunkulu wenu na?" Abekho oNkulunkulu abathathu, munye uNkulunkulu ezikhundleni ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo: ubuBaba, nobuDodana, lesi yisimiselo sesikhathi sikaMoya oNgcwele. Niyabo? NguNkulunkulu oyedwa. "UNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo," kusho umBhalo.

21 Futhi ngenkathi Elapha emhlabeni bathi, "Uthi wabona u-Abrahama, futhi awukabi neminyaka engamashumi amahlanu ubudala na?"

Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA."

22 UNGIKHONA kwakunguYe, iNsika yoMlilo, eyakhuluma kuMose esihlahleni esivuthayo; sonke siyakwazi lokho.

23 Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu." Ngabe noma yimuphi wenu bafundisi niyakwazi lokho ngomBhalo, uJesu wakusho lokho na? Bese kuthi-ke uma Evela eNsikeni yoMlilo, Wabuyela kuphi na? Into efanayo Avela kuyo.

24 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngabe lokho kuyiqiniso na?"

25 Yebo. IZenzo, cishe isahluko 8 noma 9, nizothola lapho uPawulu, emva kokuvuka kukaJesu, wayesendleleni yakhe eya eDamaseku ukuyofaka abantu ejele ngokwenza umsindo omningi kakhulu nangokubangela ukuphazamiseka. Futhi u . . . Babemelene babemelene nokufundisa kwabo komThetho, futhi wayengumfundisi omkhulu owahlala phansi kukaGamaliyeli, omkhulu, umfundisi woMthetho.

26 Futhi esendleleni yakhe ebheke ezansi, kwakukhona u—ukuKhanya okwamshayayo futhi kwambeka emhlabathini, ephuphuthekile. Bonke abafundisi bayakwazi lokho, bonke abantu bayazi ukuthi lowo ofunda iBhayibheli. Waphuphuthekiswa, futhi yena, ngenkathi esukuma wathi . . . kwakukhona iPhimbo elafika lase lithi, "Sawulu," lokho kutholakala eZenzweni isahluko 8, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na? Kul'khuni kuwe ukukhahlela ameva."

Futhi wathi, "Ungubani Wena, Nkosi, engimhluphayo na?"

IPhimbo laphendula lase lithi, "NginguJesu omhluphayo."

27 Khona-ke siyabona emiBhalweni ukuthi uNkulunkulu, emva kokuhlala kuKristu, wayesebuyile futhi ngeGama likaJesu ekuKhanyeni okufanayo Ayeyikho ekuqaleni.

28 Ngenkathi uPetru oNgcwele, umphostoli, wayesetilongweni, nasendlini kaMarku oNgcwele babekhulekela ukuba uNkulunkulu amkhulule, siyezwa ngemiBhalo ukuthi

kwakukhona ukuKhanya okwangena etilongweni lapho umphostoli ayekhona, futhi lapho ukuKhanya kumhola, iminyango yavuleka phambi kwakhe, iminyango yangaphakathi nangaphandle, waphumela esitaladini. Futhi wayecabanga ukuthi wayephuphe iphupho, ngoba ukuKhanya kwakuyikho ngempela kakhulu okwavula iminyango phambi kwakhe.

29 Uma uNkulunkulu ehlala ekungafini, khona-ke Angeke afe, Ungongafiyo. Futhi NguYe esimkhonzayo kulobubusuku. KwakunguYe owenza isithembiso, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Wethembisa iBandla laKhe ukuthi Uyosebenza eBandleni laKhe phakathi kwamalunga aKhe, uMzimba waKhe ofihlakele, ngokukhuluma ngokomoya, waze Wafika futhi ukuthi izinto ezifanayo Azenza ziyoqinisekiswa eBandleni laKhe ngamakholwa.

30 AmaZwi okugcina iNkosi yethu eyawasho lapho Ishiya umhlaba:

> *Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.*
>
> *Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa;. . . ongakholwayo uyakulahlwa.*
>
> *Nalezizibonakaliso ziyakubalandela* labo *abakholwayo;. . .*

31 Besingeke senezele kuLokho noma sisuse kuLokho, sifanele sikholwe yilokho uNkulunkulu akushilo.

32 Isithombe eningasithola, namateyipu asesitendeni sezincwadi, nezincwadi.

33 Kube yi—yinjabulo ukuba nani kulobubusuku obumbalwa. Ngiyakuthakasela, uma kwenzeka kuba nezintatheli lapha, ngabo bonke ubuhle bazo nomusa ukuzama ukuqhubekisela phambili imbangela. Babe ngabanumzane abahloniphekile ofikile futhi wanikeza umbiko weso oqotho womhlangano, futhi ngiyakuthakasela lokho, futhi ngineqiniso ukuthi abantu bayakuthakasela.

34 Ngezinye izikhathi abantu bayagxeka, yingoba abazi. Uma bengazi lutho olungcono, khona-ke siyabazwela labobantu, ukuthi abazi lutho olungcono. Futhi kuyoba yinto embi kabi ukucabanga, mngani: Ukuba-ke ubungomunye walabobantu ababegxeka uKristu futhi abangakholwa na? Ukuba wawulandele umhlangano futhi waqaphela ukuthi kwakuyokwenzekani ngabantu abaye bahlanya, bafa benomdlavuza, bahlala bekhubazekile, emva kokuba imihlangano isiphelile! Lelo akusilo nje izwi lami, lokho kuyiqiniso, erekhodini, izitatimende ezisayiniwe nezincwadi.

35 Ngibabonile abantu emhlanganweni bekhubazekile futhi bafanele bathwalwe besuka emhlanganweni, ongena ehleka, esika. Ngibabonile abantu abalahlekelwe yingqondo yabo, futhi

ezinsukwini ezimbili kamuva, batholakala ezitaladini, izikhulu zedolobha ePhoenix, e-Arizona, behlanya ngokuphelele, bafa ngendlela efanayo, bebiza isihawu futhi becela omunye ukuba eze abakhulekele. Asidlali isonto, lolosuku seluphelile, siphila eBandleni likaNkulunkulu ophilayo. Ngakho masihloniphe ngokuzithoba futhi sibe nezinhlonipho ngoNkulunkulu esiMkhonzayo.

36 Futhi manje ngifuna ukubonga abantu abasivumele sibe nehholo elikhulu, siyabonga ngaleyonhlanhla, futhi kwangathi iNkosi inganibusisa. Futhi ngamaphoyisa akade elapha ubusuku ngabunye futhi abe nenhlonipho yokuzithoba ngempela futhi enomoya omuhle, ngiyakuthakasela, futhi ngineqiniso ukuthi idolobha lifanele lizithakasele izikhulu zalolohlobo, nezikhulu.

37 Nohlelo lomsakazo nethelevishini, nibe kahle kakhulu, futhi ngineqiniso ukuthi lelidolobha elincane lizobusiswa ngemizamo yalo, nakuba abaningi benu bengaphikisana nami esayenseni yezenkolo; maningi amaKatolika, amahlelo amaningi ehlukene. Angikhulumi kabi ngehlelo, ngizama nje ukusiza abantu ukuba bazi uKristu, nokubasiza ogulayo.

38 Angizeli imali, angizeli lutho, kodwa ukunisiza, futhi ngizame konke okusemandleni ami. Futhi ngiyabonga ngemikhuleko yenu eningikhulekele yona, uNkulunkulu anibusise njalo. Ngiyethemba ngolunye usuku ukuthi kuyintando kaNkulunkulu ukuthi nginganibona futhi emuva lapha, lapho engingahlala khona isikhathi eside, futhi ngihlangane nabefundisi benu, nomfundisi wasesontweni, kanjalonjalo.

39 Ngifuna futhi ukubonga lababefundisi ngokusingenisa, besinika lelithuba. Futhi njengoba ngishilo entathelini kulentambama, ngokusakazwa kwethelevishini kulobubusuku, sonke nje sizama ukwenza konke esingakwenza ukuba sisizane.

40 Niyazi, nizwa kaningi . . . Ezinsukwini zasekuqaleni, ezinsukwini zeBhayibheli, ngenkathi kwenziwa isimangaliso, kwakungekho lutho olwashiwo ngakho, kodwa nje, "Ayibongwe iNkosi, sekuphelile," namhlanje kufanele kufakazelwe ngokwesayense, angazi noma akukho yini okungalungile namhlanje ngaleyondlela.

41 Ngicabanga nge, njengasemisebenzini yobungcweti, njengodokotela wezokwelapha, uma nizoqaphela, udokotela wezokwelapha, izikhathi eziningi uzophikisana nodokotela ohlinzayo, "Awufanele ube nokuhlinzwa, udinga umuthi." Nodokotela ohlinzayo uzothi, "Udinga ukuhlinzwa, futhi hhayi umuthi." Futhi cishe bazo . . . bobabili ngeke bavumelane nokulashwa komgogodla noma ukwelashwa kwesicubu, futhi izikhathi eziningi bonke bayaphikisana nomfundisi.

42 Lapho uthola izinto ezinjalo, mngani, ngombono wami, njengakubantu bebandla nje, yinjongo yobugovu. Uma

besikhathalele omunye nomunye, udokotela, ukwelashwa komgogodla, ukwelashwa kwesicubu, esaziyo ukuthi *konke* kuyasiza, asibeke amahlombe ethu, nezingalo ndawonye, futhi siphikelele ukuzama ukwenza impilo ibe ngcono kancane yabantu esigogobele nabo. Uma ingekho injongo yobugovu, yileso simo sokuziphatha engiqinisekile ukuthi besiyosithatha.

43 Manje ngizakufunda omunye umBhalo eZwini likaNkulunkulu laPhakade. Bese kuthi-ke kafushane nje, sizokhonzisa abagulayo, iNkosi ithanda.

44 Manje, kusasa ebusuku sizoqala e. . . Yini igama na? [Umfowethu uthi, "Pittsfield, iMass."—Umhl.] EPittsfield, eMassachusetts. Kusukela lapho kuqhubeke kuze kube yiBoston, ngiyakholwa. ["Everett."] E-Everett. Bese-ke kuqhubekela eMaine, kubuyele eTexas futhi, nangaphesheya kolwandle.

45 Manje, ngifisa ukufunda kulobubusuku, kuLuka oNgcwele, isahluko 2, ivesi 25:

> *Futhi, bheka, kwakukhona umuntu eJerusalema, ogama lakhe linguSimeyoni;. . .yena. . .wayelungile futhi emesaba uNkulunkulu, elindele induduzo ka-Israyeli: noMoya oNgcwele wawuphezu kwakhe.*
>
> *Futhi kwembulwa kuye nguMoya oNgcwele, ukuba angaboni ukufa, engakamboni uKristu weNkosi.*
>
> *Wafika ngoMoya ethempelini: futhi ngenkathi abazali beletha. . .umntwana uJesu, ukumenzela isiko lomthetho,*
>
> *Wamgona, wabonga uNkulunkulu, wathi,*
>
> *Nkosi, manje* vumela. . .*inceku yakho imuke ngokuthula, ngokwezwi lakho:*
>
> *Ngokuba amehlo* ami *abonile insindiso yakho,*

46 Kwangathi Angengeza izibusiso zaKhe ekufundweni kweZwi laKhe.

47 Kuyo yonke iminyaka uNkulunkulu akakaze angabi naye ufakazi ndawo ndawo, ngazo zonke izikhathi. Ngezinye izikhathi kwehlile kuze kuthi mhlawumbe kube ngufakazi oyedwa, njengasezinsukwini zika-Eliya, noma ezinsukwini zikaNowa, kodwa Ubehlala njalo enofakazi ndawondawo, omunye kuzo zonke izigidi zabantu Abengathi, "Lena yinceku yaMi," futhi Ubengasebenzisa lowomuntu onjalo.

48 Futhi ngesikhathi sokufundwa komBhalo, ibandla loMthetho lamaJuda, u-Israyeli, wayesekuthunjweni eRoma, ngoba babehlulekile ukukholwa abaprofethi babo ababebexwayisile ukuthi izono zabo ekugcineni ziyobaletha ekubhujisweni. Futhi ababanakanga abaprofethi babo, babefuna indlela okungeyabo, babefuna nje ukuphila njengoba babethanda ukuphila, futhi bakholwe nje lokho ababefuna

ukukukholwa, nabaprofethi babexwayisa ngesimo esinjalo ukuthi bafanele bemukele isijeziso.

49 Manje, uNkulunkulu akaguquki, uNkulunkulu angekhule ngokuhlakanipha, amaZwi okuqala Awashoyo, afanele abe ngamaZwi okugcina, futhi. Wena nami o—ohlangeni lwethu lwesintu, isizukulwane ngasinye siba nokuhlakanipha ngokwedlulele kancane kunesizukulwane sangaphambili, ngoba kuyafundiswa eZwini likaNkulunkulu ukuthi sifanele sibe buthakathaka futhi sihlakaniphe ngokwedlulele.

50 Umuntu akaphili inqobo nje uma bake baphila esikhathini sabo sokuphila. Kuqala kwaba yiminyaka eyikhulu namashumi amabili, kwase kuba ngamashumi ayisithupha neshumi, amashumi ayisikhombisa, kwabelwa isikhathi. Thina e, isizukulwane sethu sehle kancanyana impela kulokho, impilo ejwayelekile isendaweni ethile, iminyaka engamashumi amathathu-nanhlanu noma amashumi amane ubudala, ngokomshwalense, ngicabanga ukuthi lokho kuthi akube njalo.

51 Futhi kulesisikhathi sokuphila, uma sinethuba lokukhetha okulungile nokungalungile, sekubuyele entweni efanayo njengoba kwakunjalo e-Edene, owesilisa nowesifazane abanikezwe ukuzikhethela ukwenza okulungile noma benze okungalungile. Babenemithi emibili phambi kwabo, siyafundiswa emBhalweni, omunye wayo kwakunguMuthi wokuPhila, omunye kwakunguMuthi woLwazi, umuntu wakhetha ukudla eMthini woLwazi.

52 Futhi okokuqala ukuba adle kulowomuthi, wahlukanisa ubungani bakhe noNkulunkulu, futhi wenziwa isidalwa esisazokufa. Kusukela ngaleyonkathi, umuntu ufise ukuphila kulowoMuthi woLwazi. Futhi wenze izinto ezinkulu, kodwa ulwazi kuphela lungafinyelela kude kangako. Ulwazi lulungile, kodwa lapho usufike ekupheleni kolwazi lwakho, khona-ke kholwa kusukela lapho kuqhubeke.

53 Futhi ngenkathi beshiya uMuthi wokuKholwa balahlekelwa nguNkulunkulu. Umuntu akamazi uNkulunkulu ngolwazi, umuntu wazi uNkulunkulu ngokukholwa, yiyonandlela kuphela umuntu angahlangana ngayo noNkulunkulu, kusezizindeni zokukholwa. "Uma ukholwa," kwasho iNkosi yethu uJesu. Hhayi ukuthi "Uma usho isimemezelo noma ubhaphathizwe ngendlela *ethize-thize*." Kodwa "Uma ukholwa."

54 Sinye kuphela isono, naleso yisono sokungakholwa. Umuntu ngamunye phakathi lapha kulobubusuku ungenwe phakathi kokuthi ngukukholwa noma ukungakholwa. Impilo yakho iyafakazisa ukuthi uyini ngempilo oyiphilayo nezinto ozenzayo.

55 Ubungeke ulindele ukuthi ijuba lidle ilantshi nomthuthambi. Umthuthambi yilowo odla isibhucu esidala somhlaba, zinelisekile nganoma yini; kodwa ijuba alinanyongo,

alikwazi ukugaya lezozinto okungukuthi umthuthambi, inqe liyozidla.

56 Ngakho-ke ungabhekisisa impilo yowesilisa noma yowesifazane futhi ubone ukuthi benzani, nendlela abenza ngayo, nezifiso abanazo, bese usho ukuthi imvelo yomuntu iyini. UmKristu angeke azibekezelele izinto zezwe. UJesu wathi, "Uma umuntu ethanda izwe, noma izinto esezweni, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuye." Futhi lokho kushiwo ngesizotha yiNkosi yethu, futhi sifanele sikukholwe.

57 Ngakho, uma uNkulunkulu wadingeka alethe isijeziso phezu kweSodoma neGomora ngezono zabo, wadingeka athathe abantu bakhe abakhethiweyo, u-Israyeli, futhi abajezise iminyaka ekuthunjweni phansi kwabacindezeli abanonya, ngoba babengenakulikholwa iZwi leNkosi liza ngokuphefumulelwa ngababhali babo nabaprofethi, futhi baqhubeka nokuphila njengalo lonke izwe, uma uNkulunkulu abenza bakhokhe ngesono sabo, ngeke siphunyuke kukho, sifanele sikhokhele izono zethu, ukungakholwa kwethu.

58 Ukungakholwa kuyinto elusizi, kubi kabi, kungukufa, amathunzi okufa, ukungakholwa.

59 Kwase kuthi-ke u-Israyeli, ngalesosikhathi, wayenamadoda amaningi agqamile, futhi uSimeyoni wayengomunye walamadoda. Wayengumuntu owayecatshangwa kakhulu phakathi kwabantu. Wayengumfundisi nenkosi kwa-Israyeli. NoNkulunkulu wakhetha ukusebenzisa lendoda ethize. Futhi ngoluny'usuku esesemkhulekweni, uMoya oNgcwele wafika kuye, wawusuthi, "Simeyoni, awuyikubona ukufa uze ubone uKristu."

60 Ubungathini nje isimo sokuziphatha sabantu ngenkathi lendoda yeminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nokuthize, omdala, umfundisi ohlakaniphile, umpristi ka-Israyeli, owaphuma ethi, "Ngibone umbono, noMoya oNgcwele uthe kimi angiyikukubona ukufa ngaphambi kokuba ngibone uKristu"?

61 Uma sake sabakhona isikhathi ababengabheke ngaso uKristu, kwakungalolosuku. Babebheke uKristu kusukela ngosuku lwase-Edene, selokhu isithembiso sanikezwa, "Inzalo yowesifazane iyakuchoboza ikhanda lenyoka."

62 UDavide, uSamuweli, bonke abaprofethi babebhekile, futhi baprofetha, futhi balindela uMesiya, futhi nansi indoda, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, ngaso impela isikhathi sokulindela okuncane, yayenze leyo nkulumombiko ukuthi "Ngiyibonile iNgelosi yeNkosi, futhi Yasho kimi ukuthi angiyikufa ngize ngibone uKristu."

63 O, sengathi ngiyabona abanye abapristi abanaye bathi, "Indoda endala ichezukele ekugcineni okujulile, noma mhlampe ilahlekelwe yingqondo yayo." Futhi bayothi

kubo bonke abapristi, "Ningamuzwa lomfo othize, ngoba Uyahlanya. Myekeni nje ukuze ezozimemezela yena uqobo kubo bonke abantu ukuthi uyahlanya. Siyazi ukuthi iziNgelosi azibonakali kubantu ngalezizinsuku, siyazi ukuthi lezozinto azenzeki, azikaze iminyaka, kusukela ezinsukwini zabaprofethi nezikaMose."

64 Kodwa umpristi omdala wayazi ukuthi wayekhuluma ngani, kwembulwa kuye nguMoya oNgcwele futhi wababambelela ebufakazini bakhe. Futhi wayengenamahloni ukutshela bonke abanye, "Angiyikukubona ukufa ngize ngibone uKristu." Wayenesizathu esihle, ngoba kwembulwa kuye ngoMoya oNgcwele.

65 Manje, akukho Moya oNgcwele ababili, munye kuphela uMoya oNgcwele, futhi uma uMoya oNgcwele usemabandleni uhola abantu, Uzobahola bonke ngokufanayo. Futhi khona-ke ubuyokwazi ukuthi ngabe ibandla lakho laliqinisile noma qha, kuzoqhathaniseka nokuhola kukaMoya oNgcwele ekuqaleni, indlela Enza ngayo endaweni yokuqala.

66 Manje, siyayiqaphela lendoda nalenkulumombiko, nabantu bonke beyihleka. Futhi awukaze ubekhona unyaka, hlolani imilando, hlolani imiBhalo, akukaze kube khona unyaka noma umuntu uNkulunkulu ake ambiza, kodwa lowo okwahlekiswa ngaye yizwe. Thola imiBhalo, thatha iNkosi uJesu, thatha abaprofethi, thatha abangcwele, futhi uthole ukuthi kwake kwabakhona yini okunjalo, akukaze kuwo wonke umlando wezwe.

67 Izwe lakhombisa ukuthi kwakuyini ngenkathi bethi, "Sinike uBaraba, futhi uJesu makahambe." Futhi kwakuyini leyo eyasho lokho na? Ibandla, hhayi izwe langaphandle, ibandla lasho lokho. "Asimfuni uJesu, singaqoka ukuba nombulali." Kwaziveza kahle khona-ke, futhi kusakwenza namanje.

68 Kodwa ikholwa leqiniso lithi, "Ngifuna uJesu, sifisa ukuba naYe."

69 Manje, sithola ukuthi . . . Ake sikunikeze umdlalo wasesiteji, banabantwana abancane, futhi asenze lokhu kube lula nje ukuze abancinyane bakwazi ukuqonda, bazoba yisizukulwane sakusasa uma sikhona.

70 Ake siqaphele, sizothi uSimeyoni, kwakungoMsombuluko ekuseni, kwakukade kukhona usuku olukhulu ngesabatha, futhi manje kungoMsombuluko ekuseni noSimeyoni usekutadisheni kwakhe, etadisha iZwi likaNkulunkulu. Ake sithi wayebuka umBhalo ogoqwayo ka-Isaya, futhi ufika e—esahlukweni 9 nevesi 6, futhi Usho lokhu:

> . . .*sizalelwe umntwana, siphiwe indodana: umbuso uyakuba sehlombe lakhe: negama lakhe liyakuthiwa* . . ., *uMluleki,* iNkosi yokuThula, UNkulunkulu onamandla, NoYise ongunaphakade.

71 Futhi lapho efunda imiBhalo, ngalesosikhathi esifanayo uMariya noJosefa bangena ethempelini, bephethe uMntwana uKristu. Ngokuba kwakungumthetho ukuthi njalo ezinsukwini eziyisishiyagalombili emva kokuba umntwana esezelwe ukuthi umama wayefanele eze ethempelini futhi anikele ngomnikelo wokuhlanjululwa kwakhe, nokusoka komntwana uma kungowesilisa. NoMariya ungena noMntwana.

72 U-Israyeli wayeyizigidi ezintathu ezithile ngalezozinsuku ePalastine. Bangaki abantwana abebeyozalwa ebangeni lamahora angamashumi amabili nane nalabobantu abaningi na? Amakhulu abantwana abancane azalwa. Nomama babeyoshaya umugqa ukuba babe nabantwana babo besokiwe, futhi banikele okokuhlanzwa kukamama. Nomnikelo kuphakathi kokuthi yi—yiwundlu elincane, abantu abacebile babekwazi ukukukhokhela lokho, nompofu, umnikelo wabantukazana wawungamahobhe amabili.

73 Futhi nakhu kumi uKristu ngaleyonkathi, nangu uKristu ethempelini okokuqala kuwo wonke umlando esimweni senyama, njengengane encane ezingalweni zikaMariya. Futhi lapho omama benomugqa wabo, belinde ithuba labo lapho bengena kumpristi, babelindile.

74 Manje, uma uNkulunkulu atshela uSimeyoni ukuthi wayengeke afe aze abone uKristu, khona-ke kukuNkulunkulu ukwazisa uSimeyoni ukuthi uKristu usethempelini; ngokuba uMoya oNgcwele unikeza isithembiso, kukuMoya oNgcwele ukugcina lesosithembiso siyiqiniso. Futhi nangu Wayelapha okokuqala.

75 Manje, emqondweni wokucabangela, njengoba uSimeyoni efunda umBhalo, khona manjalo uMoya oNgcwele wakhuluma kuye futhi wathi, "Simeyoni, sukuma ume ngezinyawo zakho." Ubeka umBhalo ogoqwayo phansi, wayengazi nje ukuthi uzoya ngaphi, kodwa iBhayibheli lasho ukuthi amadodana kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu. Akudingekile ukwazi ukuthi uyaphi, inqobo nje uma uholwa nguMoya waKhe.

76 Futhi nangu uKristu ethempelini. USimeyoni uphuma ngomnyango, akazi nje ukuthi uzoya ngaphi, kodwa kukhona Into ethize kuye emholayo, okunguMoya oNgcwele owamnika isithembiso. "Lapho utwa lubizana notwa!" USimeyoni wakholwa nguMoya oNgcwele, akunandaba ukuthi abantu bathini, waWukholwa.

77 Futhi uma kukhona ukulambela phakathi *lapha* okuthize, kuzofanele kube neNto ethize kuqala ukusabela kulokho kulamba, kungenjalo ubungeke ube nokulamba. Mangisho lokhu: Singakabibikho isigwedlo emhlane wenhlanzi, kwakukhona amanzi kuqala ayo ukuba ibhukude kuwo, kungenjalo ibingeke ibe nesigwedlo; yonke into ingeyenhloso. Singakabikho isihlahla ukuba simile emhlabeni, kufanele

kube nomhlaba kuqala ukuba sikhule kuwo, kungenjalo bekungeke kube khona isihlahla. Ngamany'amazwi ngisho lokhu: Ngaphambi kokuba kube khona okudaliweyo, kuzofanele kube noMdali.

78 Manje, esikhathini esithize esedlule ngafunda ephepheni lapho umfana omncane esikoleni wayedla amarabha emapenseleni akhe, nonina wethuka ngakho. Kwase kuthi-ke, ngenye intambama, okwammangaza, uthola umfana omncane ehlezi egosini elingemuva, edla isitibili sebhayisikili, wethuka ngokuxakile.

79 Walungisa umfo omncane ngokushesha wayesemyisa emtholampilo. Ngenkathi odokotela behlola igazi lakhe futhi—futhi bamnika ukuhlolwa komzimba, bathola ukuthi igazi lakhe elincane lalidinga isibabule. Manje, isibabule sitholakala erabheni. Niyabo, ngaphambi kokuba alangazelele isibabule, kwakufanele kube nesibabule kuqala ukuphendula kulokho kulangazelela, kungenjalo wayengeke abe nokulangazelela.

80 Futhi inqobo nje uma abesilisa nabesifazane, iProtestane, neKatolika, iJuda, kumbe noma bangaba yini, inqobo nje uma kukhona okuthile enhliziyweni yabo okubiza ukuphulukiswa okuvela kuNkulunkulu, kuzofanele kube nendawo ethize abangaya kuyo futhi bathole lokho kuphulukiswa, noma kuzofanele kube noMdali ukudala lesosifiso ngaphambi kokuba kube nesifiso.

81 Abantu abaningi abangamaKatolika uya ethempelaneni, ngiyalikhohlwa igama lalo, ngangilapho, eParis, ngangiseNotre Dame lapho ukuthi u—udade ongcwatshwe khona lapho abahlikihla khona itshe ekhanda lakhe ukuba baphulukiswe, bekhuleka kuye ukuba abaphe ukuphulukiswa.

82 Nabantu bazo zonke izinkolo babonakala benento ethize phakathi kwabo ebiza uMuntu othize Owabadalayo ukuba abasize ngesikhathi senkathazo. Ngenkathi sifika eMelika, ngenkathi, ePlymouth Rock, okhokho bethu bathola amaNdiya ekhonza ilanga noma okuthize. Kunento ethize ngaphakathi kumuntu emtshela ukuthi kukhona uNkulunkulu ndawondawo.

83 Emuva le emenweni e-Afrika kumaLawu, ubathola nezithixo zifafazwe ngegazi, izilwane ezibukeka zesabeka, bayazi ukuthi kukhona Into ethize ndawondawo. Futhi inqobo nje uma kukhona into ethize enhliziyweni yomuntu ibiza uNkulunkulu, kuzofanele kube noNkulunkulu ukusabela kulolobizo. Uma kukhona ukulambela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. . .Sona impela isizathu sokuba uhlezi lapha kulobubusuku, mhlawumbe odokotela usekudelile. . . Ukuba ngangingakaze ngiwufunde umBhalo, into ethize ibiyongitshela ukuthi kukhona uMthombo ovulekile ndawondawo.

84 Futhi uma uza nje ukuba uze, futhi ubulindele lapho ufika lapha ukuthi ubuzothola into ethize ozoyigxeka, uSathane uzokukhombisa yona. Njalo uthola lokho okulindele, uNkulunkulu ukwethembisile lokho. Uma uza ukuzothola okuhle, uma uza ukuzokwazi uKristu, noku—ukuMbona, nokukhuluma naYe ngokugula kwakho noma umphefumulo wakho, uNkulunkulu uzoqinisekisa ukuthi uyaMthola. Uthola lokho okulindele, njalo, futhi kuya ngokuthi yini olindele ukuyithola.

85 Manje, uSimeyoni wayelindele ukuthola uMntwana uKristu, ngoba isithembiso sase senziwe. Futhi ukudonsa ngamandla okuncane kokuqala okufika enhliziyweni yakhe, lokho kwezwakala njengalowo owakhuluma naye kuqala, waphakama, washo umBhalo, futhi waholwa nguMoya, uMoya ofanayo owanikeza isithembiso.

86 Manje, uma uMoya oNgcwele ungaguquki, futhi Unikeze isithembiso sokuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwayo yonke iminyaka eZwini laKhe, bekuyini leyo ekulethe kulendawo kulobubusuku na? UNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe, futhi uma Ebophezelekile eZwini laKhe, futhi uyakholwa ukuthi UnguMphulukisi, Ubophezelekile ukukuletha kulowoMthombo lapho kukhona khona ukuphulukiswa. Uma womele amanzi, kuzofanele kube namanzi okuphuza ndawondawo, kungenjalo ubungeke neze wome. Yingakho nilapha kulobubusuku.

87 Ake sibhekisise ukuthi uSimeyoni wenzani. Manje, ubungeke udingeke ukuba ube lapha, ubungaba se-altare lakho ebandleni lakho uqobo, ekhaya lakho uqobo, ubungaba se-altare lakho, noma ndawondawo ubuyokwenza i-altare lakho, uNkulunkulu uzohlangana nawe lapho ofuna ukuhlangana khona naYe. Kodwa nizwile ukuthi abanye bayaphulukiswa, ngakho khona-ke niza ukuzobona, ngithemba ukuthi nikwenzile. Uma ungazange, uNkulunkulu abe nomusa emphefumulweni wakho onesono, ngokuba uthatha kuphela isihlalo somuntu obeyofika ngobuqotho.

88 Qaphelani, manje-ke uma uholwe nguMoya oNgcwele, nguMoya oNgcwele ofanayo owenza isithembiso eBhayibhelini, ukulethe lapha. Bhekisisani indlela Enza ngayo: Ngenkathi uMoya oNgcwele ukhuluma enhliziyweni yakhe, waphakama engazi ukuthi wayezokwenzani, kungokukholwa, waya ethempelini phandle egcekeni elingaphandle, futhi waqaphela abesifazane beshaye umugqa, khona-ke uMoya uqala ukumhola, uya ngale kwabesifazane, uqala ukwehla ngabesifazane.

89 Bhekisisani, kukhona intombazanyana engengaphezu kweminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, futhi imi neNgane ezingalweni zayo, futhi bonke abesifazane bagcina ibanga lapho kuyo ngoba yayinegama elibi, uMntwana wazalwa

ngaphandle kwefindo lomshado ongcwele, izwe lasho kanjalo, ibandla lasho kanjalo.

90 UMariya wayezoba ngumama ngaphambi kokuba uJosefa amshade. Futhi uMntwana, abesifazane ngokuhambisana, abesifazane abacebile, babenezingane zabo ezincane umthungo kanokusho wokupinki nokul'hlaza s'bhakabhaka, namawundlu amancane ukuba banikele ekuhlanzweni kwabo, kodwa lelinenekazi elincane, eligqoke kabi, lekhaya labantukazana, limi neNgane encane engalweni yalo, isongwe ngembeleko . . .

91 Uma ngiqonda imbeleko, ngakho bangitshela lapho, kwakuyi, lapho abayithola khona yayisuka ejokeni lenkabi eyayikade ilima eyayilenga esitebeleni lapho uKristu azalelwa khona. Futhi bathatha lembeleko base beYisonga ngayo, kusho umBhalo.

92 Nabesifazane, bonke beqhela ngoba bathi, "Lomuntu othize, lengane izalwa ngaphandle kwefindo lomshado, futhi asizukuzihlanganisa ngalutho nakho. Asizukuligcina elethu . . . Sizogcina ibanga lethu kokunjalo."

93 O Nkulunkulu, yiba nomusa kowethu onesono, imimoya engamesabi uNkulunkulu nemiphefumulo, lapho sizozama ukugcina ibanga phakathi kwethu, noNkulunkulu neqiniso nothando namandla! Kuyinto eyisono esinje pho, yokungamesabi uNkulunkulu!

94 Futhi bagcina ibanga labo. Bese kuthi-ke, nakhu kufika lompristi omdala owayekade ethathwa njengohlanya, ngoba wathi wayebone iNgelosi, futhi Yayimtshelile ukuthi wayengeke afe aze afumane uKristu.

95 Nicabanga ukuthi lelobandla loMthetho, limi lapho ngamashumi ezinkulungwane, ibandla elikhulu kunawo onke ezweni, zonke izifundiswa zabo ezinkulu, nabapristi, kanjalonjalo, bemi lapho, futhi nakhu kufika loluhlanya oludala, njengoba babefuna ukumbiza kanjalo, ephuma, engazi lapho ayeya khona, eholwa nguMoya ezansi ngqo ngalowomugqa, futhi weza ngqo kuleyontombi encane wayesema, wayesethatha lowo ogqoke amanikiniki, uMntwana omncane, ababecabanga ukuthi wayeyivezandlebe, waMqukula ngezingalo zakhe, nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe, wayesethi, "Nkosi, inceku yaKho mayimuke ngokuthula, ngokwamaZwi aKho, ngokuba amehlo ami abonile iNsindiso yaKho"?

96 Nicabanga ukuthi ibandla lakukholwa lokho na? Qhabo, mnumzane. Into yokuqala kwakuwuhlanya, umpristi owathi wabona iNgelosi. Into elandelayo, bukani ukuthi Wayephume kukuphi, ompofu kunabo bonke ompofu. Ngani, babengenakukukholwa lokho! Futhi abakukholwa namhlanje. Abantu akaguquki, noNkulunkulu akaguquki. UNkulunkulu uthatha umuntu wakhe, neze uMoya waKhe; udeveli uthatha umuntu wakhe, neze umoya wakhe.

97 Ukuba-ke ubufanele uthathe indawo yalabobapristi esihogweni kulobubusuku na? Bekungeke kube nemikhuleko eyenele kulolonke iPhakade ukukusindisa, ubuyobe usuhambile Phakade, ngoba wenqabile.

98 Wena uthi, "Ngifisa sengathi ngabe ngaphila ngalolosuku."

99 Ubuyothatha isimo sokuziphatha esifanayo.

100 Manje qaphelani-ke, esami lapho ebusisa uNkulunkulu ngoMntwana, nangokumvumela athathwe njengohlanya, futhi akungabazeki abantu abaklolodayo bathi, "Manje, lokho kuyakhombisa...Bukani lowo wesifazane, nango nalengane ngaphandle kwefindo lomshado ongcwele, futhi nangu engena, futhi nakho kumi lowo omdala ongahlahlile ekhanda bonke abapristi abasitshele ukuba singamlaleli, futhi nangu lowo omdala ongahlahlile ekhanda eza ngapha, futhi manje bayazibuza ukuthi bazokwenzani ngalokho."

101 O, kodwa uMariya, enhliziyweni yakhe wayazi ukuthi lowoMntwana Wayengokabani. Futhi lenzenjalo nekholwa leqiniso kulobubusuku elizelwe nguMoya kaNkulunkulu, ungabizwa ngohlanya kumbe noma kungaba yini, kodwa enhliziyweni yakho uyazi ukuthi uBaba wakho Ungubani uma uzelwe ngoMoya kaNkulunkulu. Niyakhumbula ngenkathi lokho kuzalwa kwenzeka, futhi niyazazi lezozihlabathi ezingcwele kwingemuva logwadule, lonke ikholwa lifanele.

102 Futhi babelapho-ke. Futhi manje, kwakukhona oyedwa ethempelini ogama lingu-Ana, wayengumprofethikazi, wayekade eyimpumputhe iminyaka eminingi, iBhayibheli liyasitshela. Wayehlale nomyeni iminyaka eyisikhombisa, kusukela ebuntombini bakhe, kodwa cishe wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nane ubudala, umBhalo usho njalo, cishe amashumi ayisishiyagalombili nane, ngiyakholwa, obekuyoba amashumi ayisishiyagalombili-nane. Futhi uhlezi ngale ekhoneni, akalishiyanga ithempeli imini noma ubusuku, kodwa wahlala ethempelini, ekhonza uNkulunkulu ngokuzila ukudla nokukhuleka.

103 Futhi wayebheke ukufika kukaKristu, futhi, noMoya oNgcwele wawuphezu kwakhe, manje, uma eMlindile, Nangu usethempelini. Futhi wasukuma, ephuphuthekile, futhi nakhu kufika lomprofethikazi, u-Ana, ethempelini, ephuphuthekile, ehamba phakathi kwabantu, ethinta oyedwa, "Ngiyaxolisa. Ngiyaxolisa." Babonile ukuthi wayeyimpumputhe. Yena, eholwa nguMoya, ephuphuthekile, waze wama eBukhoneni balokhu ukubona okubucayi, njengoba ibandla likubiza kanjalo, kowesifazane owayenoMntwana, njengoba babecabanga, ngaphandle kwefindo lomshado ongcwele, nompristi owuhlanya owathi wabona iziNgelosi nemibono, nalona omdala, owesifazane oyimpumputhe, eholwa nguMoya, uhamba ngendlela yakhe edabula kulezozinkulungwane zabantu futhi

wama eceleni koMntwana, futhi wabusisa uNkulunkulu futhi waprofetha phezu kwaKhe.

104 Uma uNkulunkulu engahola owesifazane oyimpumputhe! Kubi kakhulu ukuba yimpumputhe yokomoya kunoma kungubumpumputhe ngokwenyama. Uma ngifanele ngilahlekelwe noma yikuphi ukubona, makube ngukubona kwami komzimba, mangibe ngilokhu ngixhumana noNkulunkulu ngokomoya.

105 NoNkulunkulu owabaholayo ngalolosuku akakaguquki, UnguNkulunkulu ofanayo kulobubusuku. Kodwa inkathazo yakho ingukuthi abantu babheka kulokho omunye umuntu azokusho, lokho uJohn azokusho.

106 Ukuba-ke uKing George, ngenkathi ngimkhulekela enalokho kuqina kwemithambo okuninginingi, ukuba-ke wayehlile futhi wabuza omunye wabefundisi baseSheshi na? Kwakuyokwenzekani na? Wayengeke akukholwe.

107 Ukuba-ke uFlorence Nightingale ubeyokwenza, isithunzi sowesifazane. . .? Umzukulu kaFlorence Nightingale omkhulu, umsunguli wesiPhambano esiBomvu; naso isithombe sakhe encwadini, esinda cishe amaphawondi angamashumi ayisithupha nane, ebulawa ngumdlavuza. Futhi ngenkathi ngindizela eNgilandi ukuba ngimkhulekele, futhi ngenkathi ngisakhuleka, ijuba elincane lafika lase lihlala efasiteleni lase likhala, ngenkathi sisakhuleka, lase-ke lindiza lisuka.

108 Nowesifazane uphile saka ngokuphelele, esinda cishe amaphawondi ayikhulu namashumi ayisikhombisa. Ukuba-ke wayecabange lokho abantu ababekushilo na? Kodwa wayeholwa nguMoya. Ningabheki kulokho okushiwo yinoma ubani, bhekani kulokho uNkulunkulu akushoyo, futhi niholwe nguMoya waKhe.

109 Kwake kwabakhona umculi osemncane owayeqeqeshwe kuwo wonke umculo ayekwazi ukuthi uqeqeshwa kanjani, ngokuba wayefuna ukuba yincwenga kukho. Futhi kwakukhona ikhonsathi enkulu, nalomfo osemncane wayezodlala. Futhi emva kokuba eseqedile ngokudlala kwakhe okuyincwenga, o, wayekahle kakhulu, futhi bonke abantu baqala ukuma ngezinyawo zabo futhi beyishayeli ihlombe insizwa ngokushaya izandla zabo, futhi bememeza kakhulu, futhi beshaya ikhwela, kodwa baqaphela insizwa ayiqaphelanga ngisho noma yikuphi kwalokho, yayilokhu ibhekise phezulu amehlo ayo.

110 Futhi lapho bezama kakhulu ukuheha ukunaka kwayo ngokumemeza kwabo nokushaya ihlombe, yabheka igxilile ngasesiqongweni sovulandi osesitezi. Nezethameli zazimangele ukuyibona ingamukeli, noma ikhothamela ukushaya ihlombe kwazo—kwazo. Futhi zaphenduka ukuba zibone, futhi phezulu kuvulandi osesitezi kwakungomdala, uthisha oyingcweti, yayibheka phezulu ukuba ibone ukuthi ingcweti endala itheni,

futhi inganaki lokho abantu ababeyizungezile, bekusho. Ukuba kuphela besingenza okufanayo! Ukuba besingabheka phezulu futhi sibone ukuthi iNkosi ithini, futhi singaqapheli ukuthi abantu bathini!

111 UJohn Sprawl, owaphulukiswa ngomphimbo owawungakwazi ukukhuluma, okwethusa isizwe ngamaphephabhuku, ngangikhuluma naye esikhathini esithile esedlule, futhi wathi, "NgangiseParis, futhi ngangithatha uhambo ngizungeza ngibona izindawo zezenkolo, kanjalonjalo, futhi ngifika engadini ethize," futhi wathi, "kwakukhona isithombe sikaKristu," futhi wathi, "ngangisibuka," futhi wathi, "umkami wayesibuka, futhi sasisigxeka enhliziyweni yethu, ngoba sasingenakho noma yikuphi, ngempela, usibheke ukuthi siyobukeka njengezinhlupheko zikaKristu."

112 Futhi wathi, "Umholi weza kimi, wayesethi, 'Mnumzane, mhlawumbe wenza njengazo zonke ezinye izivakashi eziza lapha: Uyazibuza ukuthi kungani umqophi wake wenza lesosithombe esiqoshiwe kanjalo na?'"

Wathi, "Yebo, mnumzane, bengizibuza."

Wathi, "Woza lapha, umzuzwana nje." Wathi, "Uyabona ukuthi kukhona u—uqwembe lokuguqa ngaphansi kwesithombe esiqoshiwe."

Wathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Lelo yi-altare." Wathi, "Manje, woza lapha futhi uguqe ngamadolo akho." Futhi wakwenza. Wathi, "Manje bheka phezulu."

113 Futhi ngenkathi ebheka phezulu, wathi inhliziyo yakhe yacishe yamehlulekisa, ngokuba i—i—izinhlupheko zikaKristu zabonakala emsebenzini wabaqophi bemifanekiso. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Futhi wathi, "Mnumzane, uyabona, umqophi wemifanekiso ayenakho emqondweni ukuthi uKristu ufanele aguqelwe futhi kubhekwe phezulu kuye. Yileyondlela asenza ngayo, hhayi ukuma kuso, uzogxeka, kodwa uma uzokwehla bese ubheka phezulu kuso, khona-ke uzobona inhloso egcwele."

114 Futhi ngaphambi kokuba ugxeke uMoya oNgcwele neZwi likaNkulunkulu, Akwenzelwanga ukuba kugxekwe, kanjalo noMoya oNgcwele wawungenjalo, guqa ngamadolo akho bese ubheka phezulu kuWo, futhi uzocabanga ngokwehlukile, noNkulunkulu uzokubusisa.

Singakhuleka.

115 Nkosi eNgcwele Eyabuyisa iNkosi uJesu iNdodana yaKho kwabafileyo, futhi usinike Yena njengesikhumbuzo sothando lwaKho nomusa kithi, futhi sabelana ngokuhlanganyela kulobubusuku lenhlanganyelo ngasezibusisweni zaKhe, sizocela ukuthi Uzoza kithi kulobubusuku ngendlela Owenza ngayo

ngenkathi Ulapha emhlabeni emzimbeni wenyama, futhi usebenze kulobubusuku eMzimbeni waKho ofihlakele, iBandla, futhi wenze izinto Owazenza ngenkathi Ulapha emhlabeni, ukuze kuthi lapho ukwaHlulela okukhulu kufika, futhi wonke owesilisa nowesifazane, umfana nentombazane phakathi lapha bafanele bame kulokho kwaHlulelwa, futhi mhlawumbe ngaphambi kokusa, asazi, Nkosi, kungahle kube nengozi kulobubusuku ndawondawo emgwaqeni, negazi lithululeka, nabantu badazulukela umusa, kuyobe sekuleyithi kakhulu, Nkulunkulu, kwangathi manje singaguqa futhi sibheke phezulu kuWe futhi sithi, "Nkosi Nkulunkulu, yiba nomusa kithi."

116 Futhi sithethelele ngokungakholwa kwethu nokungabaza kwethu, futhi masemukele iNdodana yaKho njengoMsindisi wethu noMphulukisi wethu. Futhi siphe kulobubusuku, Nkosi, njengoba ibandla laKho lizithoba eMoyeni waKho, nenceku yaKho, siphe Nkosi, ukuthi kuzobakhona ukubonakala kwezibonakaliso ezinkulu zikaKristu ovukileyo, njengoba umfowethu othandekayo echazile ezethamelini engxenyeni yangaphambili yomhlangano. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

117 Ngiyazibuza kulobubusuku, sisabukana ngqo, angabakhona yini omunye lapha obengesuye umKristu, obungathanda nje ukuphakamisa isandla sakho bese uthi, "Mfundisi, ngikhulekele, angisuye umKristu, ngingathanda ukuba nguye"? Ubungakwenza lokho na? INkosi ikubusise. INkosi ikubusise, kuzo zonke izethameli. UNkulunkulu abe nomusa kini.

118 Manje sengiqedile ukukhuluma kwami ngendaba ethi: *Ukulindela*. Ubulindele ini kulobubusuku na?

119 UmBhalo uthi uKristu uvukile kwabafileyo, nokuthi Uvukile, Uhlala enguye izolo, namuhla, naphakade.

120 Bangaki obelapha emihlanganweni yangaphambili futhi wabona ukusebenza kukaMoya oNgcwele na? Ubungasiphakamisa nje isandla sakho, ukuze u. . .? Ngiyabonga. Bangaki abalapha okokuqala na? Ningaziphakamisa izandla zenu, bese nithi nje, "Ngilapha okokuqala"? Ngijabula kakhulu ukuba nani kulobubusuku phakathi lapha.

121 Manje ngisho lokhu ngaphambi kokuba ngiqale ukukhulekela abagulayo: Uma bekuyoba khona, ngokuthuke kwenzeka, kube nomunye, umuntu othize, ogxekayo, ngifanele ngisho lokhu ngokomthetho: Anginacala ngalokho okwenzeka kubo kusukela ngalesi sikhathi kuqhubeke. Niyabo? Manje, uma ulapha futhi ubungeke uhloniphe ngokuzithoba, ngiyakucela manje, lapho sicula lelihubo futhi sibiza umugqa womkhuleko, ningaphuma. Uma ungahlala futhi uhloniphe ngokuzithoba futhi uhlonipheke, khona-ke sizoba nesibopho ngakho engxenyeni eqhubekayo yomhlangano. INkosi inibusise.

122 Manje, sibiza amakhadi omkhuleko. Ngikholwa ukuthi ubusuku bokuqala sibize abantu abakade benamakhadi. . . Bawabhala izinombolo ukuze wonke umuntu angagijimi emsamo ngesikhathi esisodwa. Akusiyo inkundla yezemidlalo manje, yindawo yokuhlangana yamaKristu, ebizwa ngeBandla, uMzimba waKhe ofihlakele ohlangana ndawonye. Manje, uma. . . Ngikholwa ukuthi ubusuku bokuqala sithathe ingxenye yokuqala, indodana yami inikeze amakhadi ayikhulu phandle lapha. Futhi izolo ebusuku, sisanda kukhulekela abantu abangenawo amakhadi, ezethamelini nje, ngicabanga ukuthi kunjalo.

123 Ngakho-ke kulobubusuku, asibize engxenyeni yokugcina yamakhadi, sizothi, ngikholwa ukuthi ngu T, njengesiphambano, phendula ikhadi lakho, futhi asi, sithi, thatha iqoqo lokugcina lawo, asithi kusukela emashumini ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya ekhulwini futhi nje sibadedele, uma bengama, uma bengenakuma sizobathwala sibayise emsamo.

124 Bese kuthi-ke, sizocula manje, uma umshayi wopiyano ezosinika, ngokuthula:

Ukholo Lwami Lubheka Kuwe,
Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi ngokukaNkulunkulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami,
Futhi makuthi mina kusukela kulolusuku
Ngibe ngowaKho wonke!

125 Ngifuna ukubuza kuqala: Ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Inenekazi. Amashumi ayisishiyagalombili nesithupha. Ungeza ngapha ngqo, nenekazi, uma ungahamba na? Isishiyagalombili-nesithupha. Umnumzane ohloniphekile, khona lapha, mnumzane. Amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa. Khona ngapha, mnumzane. Amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili. Manje, uma ungakwazi ukuhamba, nyakazisa izandla zakho *kanje*, nabangenisi bazokuthola. Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

126 Lezizinto azenziwa ekhoneni. Ngine. . . Izolo ebusuku, bangaki phakathi lapha abangibonile ngisho ukuthi bengisemkhulekweni entabeni ngokwangempela usuku lonke ngokuba isitha besicuphe ugibe na? Kodwa uNkulunkulu uzosebenzana nalesositha. Niyabo, kubikezelwe ngaphambi kokuba kufezeke, khona-ke uyazi ukuthi bekuyiqiniso.

127 Ngiyacabanga, nenekazi, ukuthi wena nami siyizihambi komunye nomunye. Siyizo. Manje, lesi yisigcawu phambi kwamehlo enu njengomBhalo, uJohane oNgcwele 4. Inenekazi, angikaze ngilibone, omunye ulinika ikhadi lomkhuleko, belinenombolo kulo, inombolo yalo yabizwa nje ngokungahleliwe, futhi nanti limile. Futhi kithi sobabili, phambi kukaNkulunkulu waseZulwini, asikaze sihlangane ngaphambili ngokwazi kwami. Angilazi inenekazi, alingazi. Bese kuthi-ke, lena yindlela okwakuyiyo kuJohane oNgcwele, isahluko 4 seVangeli, ukuthi kwakukhona owesiLisa nowesifazane abahlangana okokuqala. NoJesu watshela owesifazane ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe, futhi waMkholwa ukuthi unguMesiya, futhi watshela abanye abantu, "Leso akusiso isibonakaliso sikaMesiya na?"

128 Uma Ehlala efana kulobubusuku njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, lokho kuzoqhubeka kube yisibonakaliso sikaMesiya. Lokho yi . . . Futhi Wethembisa ukuthi Uyokwenza ngaphambi nje kokubhujiswa kwezwe; siphila kulelohora, siphawuliwe.

129 Esithombeni ebesilele lapha esikhashaneni esedlule ([Umfowethu uyabuza, "Uyakufuna na?"—Umhl.] Qhabo.), wabona lapho ukuKhanya, nalokho kuKhanya engisho ukuthi nguMoya kaNkulunkulu, omunye wemiMoya kaNkulunkulu, iNgelosi esuke kuYe.

130 Futhi phambi kwaKhe Esimi naye, uyazi ukuthi lokho kuma ebukhoneni bomuntu bekungeke kukwenze uzizwe ngendlela oyiyo manje, kukhona okwenzekayo. Kunjalo.

131 Futhi ngifuna ukunibuza, phambi kwezethameli, yiba ngumahluleli uma—uma bengiyoqagela futhi ngithi uyagula futhi kukhona okungalungile ngawe, engingakwazi, kodwa ungahle uthi, "Umfowethu ukuqagelile lokho." Kodwa uma Ekutshela into ethize oyaziyo, into ethize leyo njengoba Enza eBhayibhelini, futhi njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, noma into ethize owaziyo ukuthi angazi lutho ngayo, futhi Uzokwenza lokho, khona-ke uyazi ukuthi kukhona Into ethize lapha ekhona ekwaziyo; angikwazi. Ubungakukholwa ukuthi kungu—uMoya kaNkulunkulu na? Ubuyokholwa.

132 Ngabe izethameli beziyokholwa okufanayo na? Kwangathi Angasipha khona. Manje, uma izethameli zisengalizwa iphimbo lami, inenekazi liphethwe yisimo sokwethuka okwedlulele. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

133 Uyakholwa ukuthi lowo bekunguMoya kaNkulunkulu osho lokho na? Ubungacabanga ukuthi ngikuqagelile nje lokho na? Uma ubungacabanga, ukuze nje wazi okwehlukile, vumela uMoya oNgcwele ukhulume manje. Futhi asi . . . Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, Uhlala enguNkulunkulu.

134 Angazi ukuthi yini otshelwe yona, nenekazi, Bekungemina okhulumile, bekuyiphimbo lami, kodwa bengingalisebenzisi. Njengalokhu *lapha*, kuthule ngaphandle uma kukhona okukhuluma ngakho. Ngiba yisimungulu kulesisimo, ngoba angikwazi, kodwa mhlawumbe Uzositshela enye into. Kodwa noma yini Ayishilo ibiyiqiniso. Ngikhuluma kuwe njengowesilisa nowesifazane, njengeNkosi yethu yakhuluma kowesifazane emthonjeni, kuphela nje, ukubona ukuthi uBaba uzothini, ngoba Wathi, "Angenzi lutho, aze uBaba aNgibonise."

135 Yebo, ngiyalibona inenekazi endlini yalo, linokwethuka ngempela, liphatheke kabi ngento ethize, liqathaza izinto kaninginingi, futhi kungukuthi, okubangele lokhu, yisikhathi sokuphila esilapha elikuphilayo manje, isikhathi sokunqamuka ukuya esikhathini siza kulo. Enye into, ngiyabona linesifo sikashukela. Yiqiniso lelo. Awusuye owakulelidolobha, uvela kwelinye idolobha, lelodolobha libizwa ngeRichford, eVermont. Futhi igama lakho nguNkk. John Jones. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Buyela ekhaya, ngokuba uNkulunkulu ukuphulukisile ngokukholwa kwakho. Hamba uphile. INkosi ikubusise, dadewethu.

136 Uyakholwa na? Uyaqonda ukuthi useBukhoneni bukaNkulunkulu uSomandla, mngane na? NgaleliBhayibheli, okuyiZwi laKhe, ungabe usangabaza, yiba nokukholwa.

137 Mnumzane, siyizihambi komunye nomunye. UNkulunkulu waseZulwini uzo . . . sizohlangana futhi uNkulunkulu uzosehlulela ngolunye usuku. Anginandlela yokukwazi, mnumzane, uyisihambi kimi, kodwa uma uNkulunkulu waseZulwini ezongitshela ukuthi yini oyizele lapha, mnumzane (Ngikholwa ukuthi uza ngobuqotho. [Umfowethu uthi, "Ngiyakholwa ukuthi ungumprofethi."—Umhl.] Yebo.), uzokwemukela njengeNdodana kaNkulunkulu Ethembise lokhu na? ["Yebo, ngizokwemukela."]

138 UJesu uhlala efana, Owahlangana noNatanayeli . . . amadoda amabili ahlangana. Ngizama ukucaphuna imiBhalo yodaba ngalunye, ukuze abantu babone ukuthi kuyahambisana ncamashi, futhi bazi ukuthi akusimina, indoda, angihlangene ngalutho nakho, mnumzane.

139 Uyagula, futhi, ngesimo sokwethuka ngokwedlulele, futhi ube nokwethuka kakhulu, kuze kukhathaze inhliziyo yakho, unenkathazo yenhliziyo. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Ukubhakuza nokugxuma, awukwazi ukulala, ngiyakubona uvuka ebusuku futhi uzama ukuthola umoya wakho. Lelo yiqiniso, mnumzane. Akusikho lokho kuphela, kodwa uyangikholwa ukuthi ngiyi—inceku kaKristu, ake ngikutshele, ukuze uzongikholwa kakhulu: Unomuntu onawe enhliziyweni yakho omfunela umkhuleko, lowo ngumama wakho. Yena unezifo ezelakanyanayo, akanazo na? Unokukholwa okuhle

kakhulu. Kunjalo. UyiKatolika kwasekuqaleni nje, uyiKatolika, ngikubona unerosari, ngakho lokho ngeke kwafihlwa, uyiKatolika, lokho kulunge ngokuphelele. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa, mnumzane. Uyakukholwa na? Buya futhi unike uNkulunkulu waseZulwini udumo ngokuphulukiswa kwakho. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu waseZulwini akubusise, mfowethu. [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Noma ngayiphi indlela oyikhathalelayo, mnumzane.

(Ngabe omunye uzoza ngapha, ngiyacela, futhi, ngapha futhi abhekisise ngakolunye uhlangothi.)

140 Uyakholwa na? Yiba nokukholwa nje manje, ungangabazi, yiba nokukholwa.

141 Zithandani ezisencane, kuyekeni lokho, noma niphume esakhiweni! Ziboneleni nina, uNkulunkulu waseZulwini uzoniqalekisa.

142 Angikwazi. Ngolunye usuku siyoma ekwaHlulelweni.

143 Kwenzekile ukuthi isibusiso safika enenekazini elifake izibuko lapho ligqoke ibhantshi elinsundu, eliphethwe lapho yinkathazo yenhliziyo lihlezi khona lapha, liyaqalaza. Uyakholwa ukuthi iNkosi uNkulunkulu izokusindisa, dadewethu na? Ungaba nakho okucelile uma ukukholwa. Ungangabazi.

144 Yiba nokukholwa nje manje, khuleka, kholwa.

145 Uzama ukukholwa, uhlezi lapho ekugcineni kwesihlalo, uhamba ngenduku yokudondolozela, yingoba ingxenye yonyawo lwakho isusiwe. Yiqiniso lelo. Angikwazi, angikaze ngikubone, kodwa lelo yiqiniso. Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. Uma uzokholwa uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaphuma ngaphandle kwenduku yakho yokudondolozela ikulekelela.

146 Uthinteni, ehlezi lapho na? Kwenzekeni na? Yini Ekhuze izithandani ezisencane, futhi yabusisa owesifazane osekhulile na?

147 Manje, nsizwa, uzonginaka na? Ntombi, uphazamisa uMoya oNgcwele; ngiyanexwayisa ngaphambi kokuba kwenzeke. Kuphakathi kokuthi niziphathe kahle, noma umngenisi uzoza futhi aqinisekise ukuthi ningaphuma, noma amaphoyisa, okukodwa, emuva lapho. Manje, nisenkonzweni yezenkolo, okuyiminyaka emibili ngokuyiphazamisa. Manje ziphatheni kahle.

148 Hhayi ngalesisikhathi, Phoyisa.

149 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengakuphulukisela leyonkathazo yesisu na? Uyakholwa ukuthi Ubeyokwenza na? Ucabangani ngendodana na? Ucabanga ukuthi ibingaphuma kulesosimo sokukhubazeka na? Isesibhedlela. Yiqiniso lelo,

mnumzane. Unonkosikazi onawe omkhulekelayo. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini inkathazo ngomkakho, uzokwemukela ukuphulukiswa kwakhe na? Unenkathazo ngekhanda lakhe nomfutho wegazi ophakeme. Yiqiniso lelo, mnumzane. Ngabe konke lokho kuyiqiniso na? Manje hamba futhi ukuthole njengoba nje ukholiwe, futhi uNkulunkulu abe nawe.

150 Awukho lapha ngesingawe, ulapha ngomngane, umngane oyinenekazi, onokuqina kwemithambo okuninginingi. Lelo yiqiniso. Ngeke ngamphulukisa, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa na? Khona-ke hamba ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, ungakwemukela lokho okucelile.

151 Sawubona?

152 Ngiyakuzonda ukwenza lokhu.

153 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengayiphulukisa indlebe yakho, akusindise na? Uyakholwa ukuthi Uyayazi imicabango yenhliziyo yakho na? Ukhulekela omunye umuntu, ngumama wakho nobaba. Omunye unesifo samathambo, omunye unenkathazo yenhliziyo nento ethize engalungile ngonyawo lwakhe. Lelo yiqiniso. Uyakholwa na? Hamba ukuthole ngendlela okukholwe ngayo, kuzoba nje ngendlela okukholwe ngayo. UNkulunkulu waseZulwini akubusise.

154 Inhliziyo enokwethuka, uNkulunkulu angayiphulukisa inkathazo yenhliziyo. Kunabaningi phandle lapho, abaphethwe yinto efanayo.

155 Nanso iNgelosi yokuKhanya, uMoya kaNkulunkulu. Indoda ehlezi lapha ekugcineni kohlu khona emuva lapha, unenkathazo yamankanka, indoda esikhulile, ihlezi ngasendodeni ebanzi, inkathazo yamankanka, unenkathazo yesisu. Kunjalo, mnumzane. Phakamisa isandla sakho, mnumzane. Ngiyakutshela ukuthi yini ebangela lokho, uzama ukuyeka umkhuba, ugwayi uyinto el'khuni esifweni samankanka, kube yinto el'khuni enkathazweni yesisu. Uyamemukela uNkulunkulu ukuba akususe, uyakholwa yini, futhi uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa na? INkosi uNkulunkulu ikubusise, khona-ke. Hamba ukwemukele ngendlela okukholwe ngayo.

Yiba nokukholwa.

156 Indoda ngemuva kwakho nje lapho, ingibuka inezibuko, inesifo samathambo, futhi inenkathazo ngekhanda. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaphulukiswa kulokho.

157 Ngokuthi unakho, futhi, kukhona inenekazi elihlezi lapho, libuka phansi kumntwana, linenkathazo ngekhanda lalo, futhi. Kunjalo. Labo ngabazukulu bakho ohlangothini lwakho ngalunye. Ngokuyikho. Bamba isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. Angikwazi, ngiyakwazi na? Uyazi ukuthi kukhona

okwenzekayo. Omunye wabazukulu bakho ufuna umkhuleko ngokuba nokwethuka, omunye unesifo esithelelanayo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Bobabili baphulukisiwe.

158 Nonke nina eninenkathazo yenhliziyo, yimani ngezinyawo zenu umzuzwana nje, wonke umuntu onenkathazo yenhliziyo. Baningi kakhulu ukubabiza, awukwazi nje ukubabamba. (Yima lapha umzuzwana nje, yebo, mnumzane.)

159 Woza. Udadewethu uphethwe yinkathazo yesisu ebangelwa ukwethuka. Bonke abanokwethuka noma inkathazo yesisu, yimani ngezinyawo zenu umzuzu nje, futhi yibani nilokhu nimile nje, wonke umuntu onokwethuka noma inkathazo yesisu. (Yima khona lapha.)

160 Ubunenkathazo yesisu, nawe, ngakho yima khona lapha, ngendlela efanayo nje futhi.

161 Uyakholwa, akunandaba ukuthi yini engalungile ngawe na?

162 Woza, dade. Inkathazo yakho iseqolo lakho. Kulungile. Yima khona lapha. Wonke umuntu onenkathazo yeqolo, yimani ngezinyawo zenu, umzuzu nje, leyo yinso, nokunye nokunye.

163 UNkulunkulu angephulukise yini phandle lapho na? Niyabo, kunabaningi kakhulu babo engingeke nje ngababiza, baphumile ekufinyeleleni kwami. Uyakholwa, yingalesosizathu umile, uyakholwa.

164 Manje, isizathu sokuba nginitshelile izolo ebusuku ngaphambi kokuba kufezeke: Bangaki obelapha izolo ebusuku ongizwile ngithi, "USathane wenze ububi obuthize, ungicuphele ugibe, futhi angazi ukuthi ngibhekane nakho kanjani." Bangaki okukhumbulayo lokho na? Bekuyinsizwa nentombi behlezi lapho. Ukubaqalekisa, bebeyophuphutheka noma bakhubazeke; uma ngithula, bayaphila. Manje ngaphambi kokuba kufezeke, ngiyanisindisa.

165 Nina bantu niyakholwa ukuthi uNkulunkulu ulapha. Manje kinina enigulayo, khothamisani amakhanda enu umzuzwana nje ngomkhuleko. Kholwa, wena lapha, ngayo yonke inhliziyo yakho, uMoya oNgcwele Oseduze.

166 Nkulunkulu oPhakade noBusisiwe, Owabhonga eNtabeni yaseSinayi, Wena Owakhuluma ngomPhostoli uPetru futhi watshela u-Ananiya noSafira, "Ukwenzeleni lokhu kuMoya oNgcwele na?" Ngoba nje iphimbo lakhe lakhuluma, omunye wawa wafa, nomunye wathwalwa wakhishwa esikhathini esincanyana. UsenguNkulunkulu, kodwa Ugcwele isihawu, futhi kubikezelwe kulababantu ngaphambi kokuba kufezeke, ukuze bazi ukuthi inceku yaKho ikhuluma iqiniso.

167 Manje, Nkulunkulu oPhakade, yiba nomusa futhi uphe kulobubusuku, ukuthi njengoba isitha sithumele lezizithandani ezisencane phakathi, ukuthi Uzobathethelela izono zabo, ukuthi

abazukulinyazwa, kodwa Uzobathethelela. Uzele ukuzosindisa impilo yabantu, kodwa uMoya oNgcwele uthumele izibusiso zaKhe ukuphulukisa abantu ngokufanayo nje, umusa waKho ukweqile.

168 Kodwa manje, abantu bazokwazi, nezithandani ezisencane ziyazi ukuthi bengingahlanganise lutho nazo ziza lapha, kodwa ushilo ngobusuku bakuthangi ngokuba kwabo lapha.

169 Manje, Nkosi Nkulunkulu, ngikhuleka kuWe, ukuba ube nomusa kulabo abamile, abagulayo nabahluphekile. Kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu ungangena ezinhliziyweni zabo njengamanje, emizimbeni yabo, futhi ubazise ukuthi uNkulunkulu Owayephila eTestamenteni eLisha uyaphila kulobubusuku, ukuthi kubikezelwe, khona-ke kuyafezeka, futhi zonke izinto zenziwa ziphelele futhi ziyiqiniso ngoMoya oNgcwele. Sikuthole kunjalo, futhi siyaKuthanda, Nkosi Jesu, ngenxa yokuthi Usithandile futhi wasigeza eGazini laKho, futhi usenze abantwana baKho. NgiyaKubonga, Baba, ngalezizinto.

170 Futhi manje sikhuza udeveli wokugula kubantu, ukuthi uzosuka kubo futhi bonke bangaphiliswa, eGameni leNkosi uJesu Kristu.

171 Bonke abakholwayo futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu okuvela kuNkulunkulu, yimani ngezinyawo zenu khona manje, njengoba nemukela, ngaphandle kwethunzi elilodwa lokungabaza, ukuzwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu ukuphulukisile. Ubufanele ubonge kanjani kuNkulunkulu!

172 IBhayibheli lathi, ngenkathi into enjengale yenzeka ngesikhathi seBhayibheli, kwakukhona ukwesaba okwehlela phezu kwabo bonke abantu kuzo zonke izifunda. Ucabangani kulobubusuku na? Uma uyisoni, uma ungongakholwayo, ngiyakumema lapha kulomsamo, epulpiti, ukunikela impilo yakho kuKristu. Woza manje. Makuthi wonke umuntu, uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu uyawuzwa umkhuleko wami futhi uphulukisa abagulayo nabahluphekile, okungukuthi wonke umuntu ngezinyawo zabo ukwemukele . . .

173 Nenekazi, kuthiwani ngawe na? Kukhona okungalungile kokhubazekile, noma okuthize lapho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphilisile, futhi awusayikudingeka ukuba uqhubeke ngezinduku zakho na? Uyakholwa na? Ungaba nakho okucelile-ke. Kulungile, uNkulunkulu akubusise. Usumi ngezinyawo zakho manje ukuba uhlale uma uzokukholwa.

174 Manje, kinina bantu ofunayo, uJesu Kristu ukuba anihawukele manje, manje ehoreni lokufa kwenu, ningeza lapha emsamo, sisacula ihubo elithi *Cish'ukuVuma na*? Kulungile. UNkulunkulu akubusise. Kulungile mculi:

“Cish'ukuvuma” manje ukukholwa;
“Cish'ukuvuma” uKristu ukuba emukele;

Kubonakala manje omunye umphefumulo
uthi, "Hamba, Moya, hamba indlela yaKho;
Ngolunye usuku olukahle kakhulu, ngizobiza
Wena."

"Cish'ukuvuma" . . .

175 Yenzani izindawo zenu nje khona ngapha ukuba nime njengabantu abazisolayo abeza ukuzokwemukela uKristu, "Othandayo uyeza." IKatolika, iProtestane. Nakhu kumi iKatolika neProtestane, akwenzi mehluko. Asiniceli ukuba nishintshe amabandla enu, siyanicela, eBukhoneni bukaNkulunkulu, njengenceku yaKhe, futhi niyafakaza ngalezizinto.

Kubonakala manje omunye umphefumulo
uthi . . .

Ningoni usuku lwenu lomusa.

" . . . Moya hamba indlela yaKho;
Ngolunye usuku olukahle kakhulu, ngizobiza
Wena."

176 Asikhothamise amakhanda ethu manje, ngenhlonipho yokuzithoba ngomkhuleko. Lowo Owadala umhlaba, Lowo Owaletha uJesu kwabafileyo, futhi wenza isithembiso ukuthi owaKhe, uMoya woBuntu baKhe uyophila eBandleni laKhe, aze Abuye futhi! Akufanele kusale, nokukodwa okuncane kokungabaza ezinhliziyweni zenu. Uma ekhona, ngempela wena uqalekisiwe nguNkulunkulu. Uma ubungama ngaphansi kwalokhu futhi ube usalokhu ungakholwa, uNkulunkulu abe nomusa.

177 Nina enimi lapha e-altare, akunandaba ukuthi ungowaliphi ibandla, iProtestane noma iKatolika, akuhlangene ngalutho nakho, bukani abantu ophulukisiwe, angikholwa ukuthi ukhona oyedwa engimaziyo, kodwa lowo ome ngezinyawo zabo lowo ongakwemukelanga ukuphulukiswa kwabo. Nibonile ukuthi kwenzekeni emsamo, futhi impela nje njengoba beningatshelwa ezinsukwini ngaphambili, amaviki ngaphambili, izinyanga ngaphambili, kuyashiwo manje ngokuphulukiswa. Uma Azi ukuthi kwakuyini, Uyazi ukuthi kuzoba yini; Uyalazi ikusasa futhi angalisho, UnguNkulunkulu. NiseBukhoneni baKhe; uNkulunkulu abe nomusa kini manje. Khulekani futhi niphenduke, nicele uNkulunkulu ukuba anithethelele futhi aninike umusa waKhe, ngineqiniso ukuthi Uzokwenza.

178 Futhi uma ekhona omunye ofisa ukuza ngalesisikhathi, asinitsheli ukuba niye emabandleni athile, sifuna niye kunoma yiliphi ibandla enilifunayo, kodwa sifuna nize manje. Uma uzizwa ulahlwe ngecala enhliziyweni yakho, ukuthi uyangena futhi ubunephutha, ukuthi wonile futhi wenza lokho okungalungile, i-altare livulekele ukuvuma kwakho kuNkulunkulu, hhayi kimi noma kunoma yimuphi

omunye umuntu, kodwa kuNkulunkulu. Woza futhi ucele intethelelo, Ulapha ngesihawu esikhulu ukuphulukisa abagulayo nokuthethelela isoni.

179 Uma ekhona omunye sisacula kancane, kanye futhi, ihubo, lelivesi . . .

> "Cish'ukuvuma" manje ukukholwa;
> "Cish'ukuvuma" uKristu ukuba emukele.

180 Ningalicula na? Futhi uma nifisa ukuza, khulekani futhi nje nicele uMoya oNgcwele . . . Asikho isidingo sokuba nginitshele ukuthi U, Yena, lapha, niyazi Ukhona. Asicule manje, namakhanda enu ekhotheme, ngomkhuleko, njengoba sicula ihubo.

> "Cish'ukuvuma" woza, woza namhlanje;
> "Cish'ukuvuma" uKristu ukuba emukele,
> "Cishe" ngeke usize; "Cishe" ungukwehluleka nje!
> Kuyadabukisa, kuyadabukisa, lokho kulila okumuncu: "Cishe—kodwa ulahlekile!"

Kwangathi singalihamisha manje.

181 O Nkosi Nkulunkulu, simi sinovalo, ngisho nami uqobo, ngiyazibuza, ngiyamangala ngomusa waKho, ukuthi Umuhle futhi ungcwele kanjani, ukuthi ukubekezela nomusa omnene kungahlala isikhathi eside kangakanani. Ngi . . . Kuyamangalisa kimi. Njengoba imbongi yathi, "Umusa omangalisayo!" SiyaKuthanda, Nkulunkulu oThandekayo. "Sithethelele iziphambeko zethu, njengalokhu nathi sibathethelela abasonayo." Futhi ngesihle enhliziyweni yethu, sithethelela wonke umuntu ophambukile kithi, ukuze izono zethu zesulwe. Thatha ububi bethu futhi ukumbele olwandle lokukhohlwa leGazi laKho. Siphe khona, Nkosi. Busisa lababantu abalindile. Nkulunkulu, siphe khona.

182 Labo abami lapha, benza ukuzihlawulisa kuWe, becela isihawu, ngoba bayazi ukuthi baseBukhoneni baKho, O Nkulunkulu oPhakade, baphe ukuthula kwenhliziyo, khuluma kubo, banikeze izehlakalo njengoba Wenza ezinsukwini zeBhayibheli, ngokuba kuyiqiniso izinsuku zeBhayibheli zilapha futhi ekupheleni kwalonyaka wabeZizwe.

183 Masinya sibheke uJesu ukuba afike. Angazi nje ukuthi kuzoba nini, kuze kube yilapho umhlaba wonke uzoba yimpuqumpuqu ngebhomu le-athomu, noma okunye ukuhlasela okuprofethwe ngabaprofethi, izinkulungwane zeminyaka edlule, ukuthi izwe liyozamazama futhi livuthe ngo—ngokushisa okukhulu.

184 Futhi siyacela, Nkulunkulu, ukuthi Uzoba nomusa kithi, futhi siphe, Nkosi, ukuthi ngamunye omile ezisola kuleli-altare, ukuze izono zabo zihambe. Ngicela lokhu njengenceku yaKho,

ngimile phakathi kwabaphilayo nabafileyo, ngicela izono zabo nobubi ukuba kususwe.

185 Ngingahle ngingaphinde ngikwazi ukubaxhawula kulomhlaba, kodwa ngibheke ngabomvu kulesosikhathi, uma ngiyakuphila ngokwethembeka. Bayimiklomelo yoBukhona baKho kulobubusuku. Wena wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi. Futhi wonke ozayo, Ngiyobapha ukuPhila okuPhakade, futhi angizukubalahla, kodwa ngizobavusa ngomuhla wokuphela." Futhi siyakukholwa lokho, futhi sibiza lokho ngalababantwana baKho abazisolayo e-altare. Kwangathi-. . .bekukhona abanye phakathi lapha abebefanele beze futhi abazange, yiba nomusa kubo, Nkulunkulu oThandekayo, futhi ubaphe okufanayo, ngiyakhuleka.

186 Manje, uma kukhona oyedwa osele, noma yikuphi, ongakwemukelanga ukuphulukiswa, ongazizweli ukuthi uKristu ubasindisile, kwangathi bona ngalesisikhathi bemukele okunjalo.

187 Futhi kwangathi lomhlangano ungakhunjulwa isikhathi eside ezinkumbulweni, ngisho nakubantwana abancane uma uKristu eyolibala. Ngethemba Nkosi, ukuthi Uzobusisa lababantu ngemizamo yabo nakho konke abakwenzile. Sibanikela kuWe, eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu.

188 Amakhanda ethu ekhotheme, ngizocela ukuthi omunye wabelusi lapha, Mfowethu Sweet, hamba uye phambili manje, njengoba nilokho ninamakhanda enu ekhotheme, ngomkhuleko wokuvala nanoma yini ayikhethile ukuba ayenze. Ngiyabuthakasela bonke ubuqotho benu.

189 Bangaki e-altare, abami lapha namakhanda enu ekhotheme, ukholwa ukuthi izono zakho zithethelelwe futhi zingaphansi kweGazi leNkosi uJesu na? Ungasiphakamisa isandla sakho kuYe, bese uthi, "Nkosi, lokhu ngiyakukholwa"? INkosi inibusise, nonke ngamunye ngase-altare. Akehluleki neze, Uhlala njalo ewuphendula umkhuleko. Ngibonga kakhulu kini.

190 UNkulunkulu anibusise manje, sisakhothamisa amakhanda ethu, siphendulela inkonzo kuMnu. Sweet.

